1.1 Kuthiwa ubani igama lesikole lapho kuphithizela khona? (1)

1.2 Kwakwenziwani kulesi sikole ngalolu suku? (2)

1.3 Yini eyayitholwa abafundi ngalolu suku? (1)

1.4 Ubani umfundi owayeloku ebizwe njalo? (1)

1.5 Yini eyenza abizwe kaningi lo mfundi owayebizwa? (2)

1.6 UNomzamo wayengajabulile ngoba umfowabo uMzamo wayengazange abizwe nakanye ukuba ayothatha indebe.Bhala UVUME noma UPHIKISE lo mbono ngemigqa engadlulile kwemithathu. (3)

1.7 Bhala la magama alandelayo ngesiZulu esejwayelekile.

1.7.1 Umfundi odle ubhedu. (2)

1.7.2 Kukhala ihlombe. (2)


1.7.3 Izelamani. (2)

1.8 UNomzamo benoMzamo yini engabaphethe kahle ekhaya njengamanje? (2)

1.9 Uma ubuka isithombe sendaba ucabanga ukuthi ubani lo mfundi othatha indebe? (1)

1.10 Ngokwakho ukucabanga kufanele yini kubekhona abafundi abanikezwa imiklomelo abanye bengayitholi? Bhala uchaze ukuthi yini eyenza ucabange kanjalo UNGADLULI emgqeni emithathu. (3)

1.11 Buka isithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo oyibuziwe ngemisho EPHELELE.



## *ISIQEPHU B*

1. *Buka isithombe esilandelayo bese usebenzisa amabizo owanikeziwe ayizigaba zamabizo ezisezikokeleni ukugcwalisa izikhala emshweni. Qiniseka ukuthi ibizo olifakile lenza umusho onomqondo ophelele. DWEBELA ibizo olibhalile.*



Sithathwe encwadini Sifunda Olwethunga Ibanga 4

*Isibonelo: (I) Ubaba uyathanda ukupheka (6) nenyama.*
*(ii) Ubaba uyathanda ukupheka amazambane nenyama.*

---

*Isinkwa, ugogo, izingane, umthandazo, ukudla*

---

*1.1 Umndeni uhleli udla (15) okumnandi ngeSonto.*
*1.2 (10) ziyajabula ngoba zizodla kamnandi.*
*1.3 Kukhona (7) esimhlophe esibhakwe umama.*
*1.4 Ubaba kade esho (3) wokubonga ukudla.*
*1.5 (1a) uphaka iklabishi nethanda ngoba uyakuthanda.*

*[10]*

2. *Lungisa imisho elandelayo ngokufaka isivumelwano senhloko esifanele. Bhala igama LONKE hhayi isivumelwano kuphela. DWEBELA igama eseliphelele.*

*Isibonelo: (I) Iziboshwa zonke – thathwe ngemoto.*
*(ii) Iziboshwa zonke zithathwe imoto.*

*2.1 Isikole sethu -fundisa abafana namantombazane.*
*2.2 Umkhuhlane -phethe uZwakele kabi.*
*2.3 Udonga -wile ngoba izulu line usuku lonke.*
*2.4 Ihawu likamkhulu -lahlekile eye emshadweni.*
*2.5 Abalandeli bebhola lezinyawo -fike bonke emdlalweni.*

*[5]*

3. *Bhala isabizwana soqobo esikhundleni samabizo adwetshelwe lapha emshweni elandelayo. Bhala isabizwana KUPHELA.*

*Isibonelo: (i) Izingane zindlale umata zihleli ziyadla.*
*(ii) wona.*



Sithathwe encwadini Sifunda Olwethunga Ibanga 4

3.1 *Ekhaya umama wenzele intombazane yakhe umphako.*

3.2 *Abangani bacelile kubazali ukuzozihlalela bodwa.*

3.3 *Kukhona inhlanzi efuna ukubamba isinambuzane esithombeni.*

3.4 *ULubonakele uthela isiphuzo azosiphuza nomngani wakhe.*

3.5 *Uthando lwabo abahlangene ngalo luyaziwa nangabazali babo.*

[5]

4. *Imisho elandelayo idinga ukuthi ufake isabizwana sokubala esifanele esizokwenza izwakale kahle. Sebenzisa isithombe osinikeziwe ukuze ungadideki. Bhala isabizwana KUPHELA.*

*Isibonelo: (I) - nke*

*(ii) Izingane ZONKE ziyabathanda abazali bazo.*



*- dwa, - thathu, -nke,- ne,*

*4.1 Abafana – abasesithombeni bayakwazi ukudlala ibhola.*
*4.2 Amantombazane – abambene ngezandla.*
*4.3 Ilona - ibhola abazolidlala namhlanje.*
*4.4 Kufanele ukuthi – abantwana abasakhula bazijwayeze ukudlala.*

*[8]*

5. *Bhala igama ELILODWA esikhundleni salwa amaningi achaza ubuhlobo ngokwesintu. Bhala igama KUPHELA.*

*Isibonelo: (I) Njalo ngamaholide kaKhisimusi sivakashela umama ozala ubaba*

*(ii) Ugogo*

*5.1 Umfowethu omdala uthole umsebenzi phesheya.*
*5.2 Mina ngiyalingana nezingane zikadadewethu ezingamawele.*
*5.3 Phela uLimnandi uyingane ezalwa udadewabo kamama wami.*
*5.4 UYenayedwa udadewethu uthi bayezwana nobaba ozala umyeni wakhe.*
*5.5 Inkosikazi yomfowabo kamama isizivulele ibhizinisi lokwenza ubuhlalu.*

*[5]*

*Isamba [33]*

## *ISIQEPHU C*

*INCWADI*

*KUHLWA NGOMNYAMA > N.G. Sibiya*

*1. Khetha abalingiswa ababili ubhale ngabo UNGADLULI emigqeni EYISHUMI emunye.*

*1.1 UQeda*

*1.2 UNandi*

*1.3 UMaShandu umkaMfiliji*

*1.4 UThobile Ngema*

*[10]*

*2. Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE2*

"Eyi, ingiphethe kabi indaba yakho S'thenjwa. Umuntu usethemba khona nje ukuthi...."

Ethuke manje uNduduzo. Kanti ubeqinisile ngempela uMaZungu madoda! Cha, akahlale phansi ukuze ezwe kahle. Nebala aqonde kusofa. Amhebeze ngalubi uZakhele.

"Kasingabe sisachitha sikhathi Madlokovu. Kasiphuthume kungaze kugcwale esibhedlela." Hhayi bo, nansi ingulube imnonela!

"Kangisakuzwa kahle Madlokovu." Usho ngokwexwaya uNduduzo ebuka lesi sidlakela sakwabo esesimkhiphele amehlo, sijeqeza iwashi singaqedi.

"Eyi, kufanele ungezwa ngane yakwethu." Libe nomunyu manje iphimbo lakhe. Andwaze nje uNduduzo. Ngisho ukunaka uZakhele.

"Kufanele impela. Kasethembe nokho ukuthi odokotela...." Asho elula isandla futhi uZakhele, emdonsa ngengalo.

"Kanti kwenzenjani Madlokovu?" Usedunyelwa yikhanda nje uNduduzo. Cha, ubesola into ekhona ngempela uMaZungu. Kakungatshazwa phela ukuthi uphazamisekile engqondweni uZakhele. Yinto azoyithini nje lena?

Lidume futhi ikhanda.

"Ngicela ukhiye wemoto-ke Madlokovu." Sengathi useqala ukuphelelwa yisineke manje uZakhele.

"Uzowenzani ukhiye?" kubuza uNduduzo ezama ukuhlekahleka.

*2.1 Ubani othi imphethe kabi indaba kaSithenjwa?* *(1)*

*2.2 Yini le emethusayo lo othukayo?* *(2)*

*2.3 UMaZungu ubakade etheni njengoba kuthiwa ubeqinisile nje?* *(2)*

*2.4 Bayokwenzani esibhedlela laba abathi baya khona?* *(1)*

*2.5 UNduduzo yini ekhombisayo ngaye ukuthi uyena ohlanyayo?* *(2)*

*[8]*

"Ngisacela ukuba kengiqhubeke-ke."

"Ngakho njalo ngoba sibheda thina," kunxapha uVenter.

3. Athule uPiet. Kuyabonakala ukuthi usebamba ukuthukuthela naye manje.

"Kanibhedi baba. Bengisaphawula ukuthi bengazi ukuthi izoniphatha kabi le ndaba. Kuhlupha khona nje ukuthi kakukho nto engingayenza ngoba ngiyamthanda uDolly, ngeke ngize ngimlahle. Ngimthanda ngayo yonke inhliziyo yami."

"Uyazizwa kodwa ukuthi uthini?" kubuza uVenter enikina ikhanda.

"Ngizizwa kahle impela ukuthi ngithini. Ngithena kanginibikele njengabazali bami ukuze nibone ukuthi...."

"Kakukho nto esizoyibona," ngunina enxapha.

"Kungcono nokho ngoba seniyayazi inkinga yami."

*3.1 Ubani othi ucela ukuqhubeka? (1)*

*3.2 Uthi ucela ukuqhubeka enzeni? (1)*

*3.3 Usebenza kuphi uPiet? (1)*

*3.4 Yini le athi uPiet ubeyazi ukuthi izobacasula abazali bakhe? (2)*

*3.5 Ngalolu suku yini uPiet acela abazali bakhe ukuthi basize ngayo mayelana nokuhlala kukaDolly? (2)*

*3.6 Bhala uxoxe ukuthi le ndaba yekhaya lakwaVenter yaphela kanjani ngalolu suku. Impendulo yakho INGADLULI emgqeni EMITHATHU. (3)*

*[10]*

*4. Khetha igama ELILODWA elilungile emagameni asezikokele ulibhale phansi. Bhala igama KUPHELA.*

*4.1 Intokazi eyeyithanda uNduduzo esebenza esibhedlela kwaku: (nguDolly, nguZimbili, nguNandi.)*

*4.2 Umngani kaNduku ayethi uyoboleka imali kuye kwaku: (nguQeda, nguMthimkhulu, nguThobekile.)*

*4.3 (USandile, uSabelo, uSipho) umfana wakubo kaZimbili.*

*4.4 UMfiliji wabhunguka ekhaya iminyaka: (emithathu, emibili, emine)*

*[4]*

*5. Gcwalisa izikhala ezingenzansi ngegama* ***ELILODWA VO****. Bhala igama* ***KUPHELA.***

*5.1 UMaZungu watshela uNduduzo ukuthi uya e............*

*5.2 Indawo okwakuphuza kuyo uMaShandu kwakuthiwa.........*

*5.3 Igama likamama kaDolly kwakungu..........*

*5.4 Umama kaThobile wayebizwa ngo............*

*5.5 Inyanga eyayozonika uSabelo umuthi wokudlisa," Isipoki".......*

*[5]*

*ISAMBA [100]*